# RUPERT I-STEENBRAS ESIBOMVU

Sanibonani, igama lami ngingu Rupert i Steenbras esibomvu. Abantu bathi ngisebungozini, lokho kusho ukuthi uhlobo lwami lusengcupheni yokushabalala. Lokhu kusho ukuthi sizonyamalala singaphinde sibekhona.

Kodwa anginazo izinhlelo zokulandela I Dodo noma amaDayinaso.







Photo: Steve Benjamin

Ngethembe ukuthi **izindawo ezivikelekile zasolwandle (MPA)** okuyilapho engihlala khona nomndeni wami wonke, lezizindawo zizokwazi ukusisiza ngekusasa lethu.

Singama **seabreams** – siwuhlobo lomndeni lwezinhlanzi ezihlala emadwaleni

I Ningizimu Africa inezinhlanzi ezuwuhlobo lwama seabream ezingama Shumi amane nanye (41)- okuyinani eli ngaphezu kwawo wonke amazwe omhlaba! kanti zilinganiselwa ekhulwini (100) izinhlobo zawo emhlabeni jikelele.



**Ama Steenbras abomvu atholakala eNingizimu Africa kuphela.**
Ososayensi bazibiza ngezinhlobo ezingumsinsi uma zitholakala ezweni elilodwa. Lokhu kusenza sibaluleke Lokho kuyasithokozisa.





Photo: Steve Benjamin

Ngihlala eMiller's Point **endaweni ekungadotshwa kuyo yeTable Mountain National Park (MPA)** endaweni evikelekile yasolwandle lwase Kapa.

**Iningi lezinhlobo zofishi zihlala nami ehlathini le Kelp (uhlobo lesitshalo sasolwandle).**
Ama roman, hottenhot, strepies, fransmadam no Steentjies sonke singama seabream.




Streepie

Blue hottentot

Photo: Steve Benjamin



Roman



Steentjie



Fransmadam




Singamakhosi ama-seambreams ngoba singama seambreams amakhulu kumhlaba wonke.
**Lokhu kusenza sibaluleke kakhulu!**

I-Steenbras esikhulu sakalwa saba ngu 1.5m ubude kanti isisindo saba ngu 57kg okuyisisindo esingaphezu kwesezinye izinhlanzi ezingomama.


I-Steenbras engisaziyo esaphila isikhathi eside sahlala iminyaka engamashumi ayisihlanu nanhlanu (55.)

Uma sengikhulile ngihlele ukuyohlala e **Amathole Offshore (MPA) endaweni evikelekile yasolwandle.** lapho umalume wami u Rudy ehlala khona. Lendawo ikude le kwi **Offshore yase East London.**




Siqala **ukuzala** lapho sesineminyaka engaba yisikhombisa ubudala. Sihlangane sonke ngamaqoqo amakhulu ohlobo olulodwa sidedele amaqanda nesidoda emanzini ngesikhathi esisodwa. Abazali bami bahlangana emkhumbini omdala owaminza olwandle lwaseMsikaba - indawo ekhethekile **e Pondoland( MPA) endaweni evikelekile olwandle.**

Umalume uRudy uyinhlanzi!
Eyisimangaliso kakhulu!
Abanye abadobi basafisa ukubamba Izilwane ezinkulu bazibize ngokuthi amaCoppers...
Buka ubukhazikhazi buka-copper obuhlobise umzimba wenhlanzi esesithombeni, esingumakhelwane esithathwe **ngemoto ehanjiswa nge remote (ROV)?**
Uzinakekele kahle wemalume uRudy… ukhumbule ukuthi kwenzekani ku malume uRobert.



# KWENZEKANI KUMALUME UROBERT?

## Nansi indaba eyiqiniso…

# DAILY NEWS




Ngonyaka ka 1989, umalume uRobert Steenbras esibomvu sasisesincane sabanjwa usosayensi owayesemncane abambiza ngoBruce eTsitsikamma MPA. Ubude bukaRobert kwakungamashumi ayisikhombisa nanhlanu (75cm) wafakwa ithegi bese wadedelwa waphindela olwandle.

Ngo nyaka ka 2011, umdobi owayehamba ngesikebhe esisheshayo wabamba uRobert kwidwala lase Kei Mouth – ngalesosikhathi wayeyikhulu neshumi nambili (112cm). Umdobi owayeqikelela wathola ithegi wase eyotshela uBruce. Lemininingwane isiza ososayensi baqonde kahle ukuthi uRobert usebhukude ibanga elingakanani nokuthi usekhule kangakanani. U-Anti uRachel naye wabanjwa wafakwa ithegi eTsitsikamma MPA kanti yena wabhukuda esuka eTsitsikama wayofika le e-Aliwal Shoal MPA, okwaba ngumlando wamakhilomitha angama 923!



Uncle Robert

# IMIBUZO

1. Kwaba isikhathi esingakanani lapho umalume uRobert wathegwa khona kuya lapho aphinda wabanjwa khona?
2. Wayesekhule ngamasentimitha amangaki?
3. Ungathola ukuthi wayekhula kangakanani ngonyaka?
4. Iyiphi inhlanzi eyabhukuda ibanga elide phakathi kuka malume uRobert no Anti uRachel? Ithiphu –bheka kwi-map!
5. Mangaki ama MPAs awadlula umalume uRobert ukusuka lapho bamuthega khona ukuya lapho aphinde abanjwa khona?




## UNGASISIZA KANJANI UKUTHI SIPHILE?

- Tshela abangani bakho ukuthi sibaluleke kangakanani nokuthi **SIBAHLE** kanjani.
- Yazi imigomo. Ungabamba i-red steenbras **EYODWA** kuphela ngosuku, kanti futhi iyodwa evumeleke kumuntu ngamunye. Ayivumelekile ukudayiswa. Akuvumelekile ukuthatha noma ukugcina ired steenbras engaphansi kuka 60cm. Uma umdobi ebambe i-red steenbras engaphansi kwalesikalo (60 cm) kufanele ayibuyisele emanzini ngokucophelela. **UYACELWA!** kungenzeka ukuthi udadewethu omncane! nanoma iyiphi ired steenbras ebanjwe phakathi kuka 1 October no 30 November kufanele idedelwe lesi isikhathi sethu sokuzalana.
- Chazela abanye ukuthi asisiza kanjani ama **MPAs**. Ngokuhlala kuma MPAs singazalana ngokukhululeka sikhule sifinyelele kwiminyaka esifanele siphinde sakhe abanye ofishi abaningi bengomuso.
- Uma uthanda ukudoba ungaba umdobi obamba athege aphinde adedele ofishi asize ososayensi bazi kabanzi ngamabanga ahanjwa izinhlanzi nokuthi zikhula ngokushesha okungakanani. Vakashela **i-ORI tag website: www.ori.org.za**

# YINI UKUVIKELWA KWEZINDAWO ZOLWANDLE?

**Ama Marine Protected Areas ukugcinwa kwemvelo olwandle.**
izindawo lapho **kungavumelekile khona ukuthatha nokudoba izinhlanzi.** Kulezindawo ezivikelekile, izinhlanzi zingakhula zibe zinkulu **kakhulu.** Izinhlanzi ezinkulu zikhiqiza **amaqanda amaningi, izikhathi eziningi** Futhi **izingane zabo ziphila kahle zisimame** kakhulu ngoba **amaqanda abo anawowonke lamafutha** anika izingane zabo umdlandla ukuze zikhule kahle.



## Dweba umugqa phakathi kwegama kanye nencazelo eyiqiniso.

| | |
|---|---|
| Endemic | Okungaphansi noma okuncanyana |
| Maximum | Isiqiwi esisolwandle |
| Aggregation | Ubukhulu noma okungaphezulu |
| Marine Protected Area | Ubungozi bokushabalala unompela |
| No-take zone | Iqembu noma ukuhlangana ndawonye okukhulu |
| Minimum | Ukutholakala ezweni elilodwa kuphela |
| Endangered | Indawo lapho ekungavumelekile khona ukudoba |



Written by Kerry Sink, Bruce Mann and Judy Mann
Translated by Bulelani Ntuli

Designed by Colette Bodenstaff

# IMIBUZO

1. Ikhula ibe yinde kangakanani i-red Steenbras?

2. Ingafinyelela kwiminyaka emingaki?

3. Ososayensi bacabanga ukuthi iqala uma seyineminyaka emingaki i-red steenbras ukukhiqiza?

4. Uvumeleke ukuthatha ama red Steenbras amangaki ngosuku?

5. Engaphansi kobude obungakanani umthetho okunqabelayo ukuthi uyithathe?

6. Yisiphi isikhathi sonyaka ekuvalwa ngaso ukudotshwa kwama Steenbras abomvu?

7. Ibanga elide kangakanani elaziwayo elake lahanjwa i- Steenbras esibomvu?

8. Ungasiza kanjani ukuvikela ama steenbras abomvu nabangani bawo?

SAAMBR INCORPORATING OCEANOGRAPHIC RESEARCH INSTITUTE uShaka SEA WORLD
Helping people to care for our ocean